

## UKUQUALISWA KOKUSEBENZA KWEMIYALELO YENTELA EYENZIWE NGCONO

**Tshwane, 8 kuZibandlela 2021** - USARS uzokwethula izinguquko ezinhlelweni zawo kusukela mhla lu-1 kuNdasa 2022 ukuvimbela abakhokhintela abanomthombo wengeniso ongaphezulu kowodwa, nalapho owodwa wemithombo kuyingeniso elivela esikhwameni somhlalaphansi, okugcina kunesikweletu esikhulu okumele sikhokhwe kwaSARS emva kokuhlolwa kwefomu lentela yengenisomali.

USARS uyazi ukuthi kungaba nesikweletu esikhulu ekupheleni konyaka lapho yonke imithombo yengenisomali isihlanganisiwe ukuze kutholakale ukuthi yimalini eyingeniso elizotheliswa nokuthi malini intela okuzomele uyikhokhe.

Ngokuphendula kulokhu, umthethonqubo osanda kwethulwa uhlinzekela uSARS ukuba ukwazi ukuthola isilinganisonani esisebenzayo sentela uma kubhekwa imithombo ehlanganisiwe yokuqashwa kanye/noma yempesheni yengeniso lpmkhokhintela.

Isilinganisonani esisebenzayo sentela sincike kumininingo yakamuva ekhona kwaSARS kanti lesi silinganisonani sizonikwa abaphathi besikhwama somhlalaphansi ukuze babambe i-PAYE ngokubheka leyo mininingo.

Lesi silinganisonani umqashi uyakwazi ukusithola ku- [e@syFile™](mailto:e@syFile™) kanti sizosebenza kubakhokhintela abathola ingenisomali elivela kumhlalaphansi.

Uhlalo lwakwaSARS lwe-PAYE luvumela abakhokhintela ukuba bacele ukuba batheliswe njalo ngenyanga ngesilinganisonani esiphezulu ukuze kuthi uma kuba khona intela okumele bayikhokhe ngonyaka ibe isikhokhelekile. Kodwa-ke, akubona bonke abakhokhintela abangena ngaphansi kwalesi sigaba abakhetha ukukusebenzisa lokhu.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe isikhungo sisalokhu sizimisele ukuhlinzeka ngengcaciso kanye nesiqinisekiso kubakhokhintela mayelana nezibophezelo zabo ngokomthetho. USARS futhi uzimisele ukwenza kube lula ukuthobela ngokwenza izinguquko ezinhlelweni okuyizinhlelo ezifana nalo lolu.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [Sarsmedia@sars.gov.za](mailto:Sarsmedia@sars.gov.za)